


UFudu nezinyoni

Kudala kakhulu, uma kufa inyoni emhlabeni, umoya wayo wawuphuma emzimbeni bese undiza uye phezulu emafini; wawuphila khona njengomuntu wasemafini, wawubheka futhi unakekela izinyoni nezilwane emhlabeni.

Izinyoni nezilwane zazazi ngalaba bantu basemafini.

Kwafika isikhathi lapho kwakungenamvula khona unyaka wonke. Utshani basha, iziphethu zoma kwathi izilwane zalamba. Izilwane kanye nezinyoni zahlangana zanquma ukuthi zenzenjani ngesomiso esibi kangaka ...

Nalibali



www.nalibali.org



www.nalibali.mobi



[nalibaliSA](#)



@nalibaliSA